IZINKOMBA ZOKUNIKEZELWAYO:

Isihloko	UMBIKO WEBHODI LOLIMI ENYUVESI YAKWAZULU-NATALI 2015/2016
Umbhali neSikhundla sakhe	uSolwazi Renuka Vithal (DVC: T&L; uSihlalo: iBhodi YoLimi YeNyuvesi) Dkt Langa Khumalo(uMqondisi: ULPDO)

UMLANDO WOKUGUNYAZA

Izakhiwo Ezithintiwe	Usuku	Umphumela
Ibhodi YoLimi YeNyuvesi	28 kuNhlangulana 2016	Wesekelwe
Izigele	31 kuNcwaba 2016	

OKUQUKETHWE UMBHALO

Isiphakamiso

Ukwazisa ngoMbiko weBhodi YoLimi YaseNyuvesi (ULB)(2015/2016) njengesimiso senqubomgomo

Isisekelo

UMbiko WeBhodi YoLimi YeNyuvesi wezi-2014/2015 ungowesithathu walolu hlobo obhekiswe kwiZigele ngokuhambisana neNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi olubeka ngokucacile ukuthi umbiko olimimbili kumele wethulwe kwiZigele zeNyuvesi. Umbiko yokuqala, wesibili nowesithathu yethulwa ngomhla ziyi-9 kuNhlaba 2012, zingu-21 kuNcwaba 2013, zingu--20 kuNcwaba 2014. Lo mbiko wamanje uhlanganise eminye imisebenzi nenqubekela phambili ye-ULB ekusebenziseni uHlelo LoLimi LweNyuvesi.

Ezezimali

Kubikiwe ngaphakathi kombiko.

Okuhambisana Nalokhu

Umbiko weBhodi YeziLimi YaseNyuvesi YaKwaZulu-Natali yonyaka wezi-2015/2016.

IBhodi YoLimi YeNyuvesi YaKwaZulu-Natali

Umbiko wezi-2015/2016

Okuqukethwe

1. Isingeniso 3

Ubulungu beBhodi YoLimi YeNyuvesi , 2014: 3

2. IHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi 4

3. Ukusebenza KweNqubomgomo NoHlelo LoLimi 6

3.1. Ukwakhiwa KweKhophasi NokuThuthukiswa KwamaTemu 6

4. Izingqungquthela ZoLimi 9

5. Imisebenzi Eyenziwa i-ULPDO 10

6. Imisebenzi Exhaswe Ngezimaliunded Projects 11

6.1. Imisebenzi Exhaswe i-ULPDO 11

Ithebhula 2. 2013-2016 imisebenzi exhaswe ngezimali 11

7. Uma Sibheka Phambili 12

8. Okushicilelwe 12

1. Isingeniso

IBhodi YoLimi YeNyuvesi isaqhubeka nokusingatha ukusetshenziswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi LweNyuvesi. I-ULB iqapha futhi ibuyekeze inqubekela phambili ekusetshenzisweni koHlelo LoLimi LweNyuvesi. Inikeza umhlahlandlela iHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi ngokumele kwenziwe, umsebenzi we-ULPDO ukuqinisekisa ukusebenza kweNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi. Ukuze kuthuthukiswe ukufunda ngokuthuthukiswa kwezilimi ikakhulukazi ukwenziwa kwezilimi zomdabu zibe yizilimi zokufunda kwezemfundo ephakeme, i-ULB yagunyaza ukubanjwa kwezingqungquthela ezimbili i-ULPDO. Eyokuqala kwakuyingqingquthela yomhlaba yenhlangano i-African Association for Lexicography (AFRILEX), eyayingomhla wesi-6-9 kuNtulikazi 2015. Le ngqungquthela yahlanganisa izifundiswa zomhlaba emkhakheni we-applied linguistics, language planning ne-language intellectualization. Eyesibili kwakuyisimpoziyamu yezinsuku ezimbili eyayihlanganise izifundiswa zamaKolishi amane eNyuvesi kuzobhekwa osekwenziwe emikhakheni ehlukene naseZikoleni eziyi-19 mayelana neNqubomgomo yoLimi yeNyuvesi.

Amalungu eBhodi YoLimi YaseNyuvesi, 2014

Professor R Vithal (uSihlalo)	DVC: KwezokuFunda NokuFundisa
Dr L Khumalo	Umqondisi: UkuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi
Dr R Dhunpath	UMqondisi: Ukufunda Nokufundisa
Mr L Seshoka	UMqondisi Omkhulu: Kwezobudlelwano
Dr S Chalufu (ibamba)	UMqondisi Omkhulu: Kwezabafundi
Mr B Poo	Ezokweseka Ukufunda
Professor D North	EzoLimo, ubuNjiniyela NeSayensi
Dr A Bengesai	EzoMthetho NokuPhatha
Mr K Zondi (ibamba)	EzoMthetho NokuPhatha
Ms S Panday	Izifundo zezeMpilo
Ms C Engelbrecht (ibamba)	Izifundo zezeMpilo
Ms S Mathe	EzesiNtu
Mr M Mbatha	PanSALB
Dr Z Nkosi	Ungoti KwezokuFunda
Dr N Sibiya	Ungoti KwezokuFunda
Mr K Mngadi	Umxhumanini KwezoLimi
Mr S Mthethwa	Ilungu le-CSRC

I-ULB ibambe imihlangano emine ngonyaka wezi-2015. Le mihlangano bekuyingosi ebalulekile yokwakha izinhlelo namaqhinga azohola ukusetsenziswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi ezingxenyeni zonke zeNyuvesi. Lo mbiko ucacisa ngezinye zezinto eziyingqophamlando ezenziwe i-ULB njengengxenye yokusetshenziswa koHlelo LoLimi.

2. IHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi

INqubomgomo YoLimi YeNyuvesi idinga ukuba i-ULB ithuthukise, isebenzise, iqaphe futhi ibuyekeze iNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi njengokwesimiso sikaSomqulu we-ULB. Uhlelo lokwenza isiZulu ulimi lwezifundiswa ukuze lugcine lulingana nolimi lwesiNgisi ngokusetshenziswa kwezokuxhumana emazingeni aphezulu ezingxenyeni zonke zeNyuvesi, luqalwa i-ULPDO, futhi lubikwa kane ngonyaka emihlanganweni ye-ULB. Umunxa obalulekile wohlelo lolimi njengokokugunyaza kwe-ULB, ukwakhiwa kwamatemu emikhakha ehlukene, ukwakhiwa kwekhophasi yesiZulu, kanye nokuthuthukiswa kwezincwadi zesimanje ezibhalwe ngolimi lwesiZulu. Okunye okuphathelene nezilimi okwenziwayo kuhlanganise ukuqeqesha, ukuhlinzekwa kokuhumusha nokutolika, ukugqugquzelwa kolimi lwezimpawu, uhlelo i-Bua Le Nna, ucwaningo lwezilimi, nokuthuthukiswa kwezinsiza zamakhompyutha.

Isithombe. 1. Uhlelo Lolimi



Ngesikhathi esibukezwayo,kwenziwe umsebenzi wokucubungulisisa nokugunyazwa kwamatemu emikhakha emithathu ezoMthetho, iFiziksi nezeMvelo. Wonke la matemu adlule ezigabeni ezisemthethweni eziwumgomo okungokubonisana, ukucubungulisisa nokugunyaza. Kugunyazwe amatemu ayi-1 588 kusetshenziswa lezi zigaba ezibaluliwe.

I-ULPDO yaba nemihlangano emibili yokuqeqeqsha. Owokuqala wawumayelana nokwakhiwa kwesichazamazwi, wawubanjwe ngomhla wezi-19 kuNhlangulana 2015. Ukuqeqesha kwakwenziwa uMnu M. Mbatha owungoti emkhakheni wezokwakhiwa kwezichazamazwi. Lo mhlangano wahlinzeka ababewuhambele ngamakhono adingekayo uma kwakhiwa isichazamazwi esincane (somkhakha owodwa) kusetshenziswa amatemu asegunyaziwe. Umhlangano wawuhanjelwe abaholi bemisebenzi yokwakhiwa kwamatemu emikhakheni ehlukene. I-ULPDO imatasa iqedelela umsebenzi wokushicilela isichazamazwi somkhakha wezeMidwebozakhiwo ngokubambisana ne-UKZN Press. Isichazamazwi siyokwethulwa ngokusemthethweni ngomhla we-18 kuLwezi 2016.

Umhlangano wesibili wona wawuqeqesha ngobhalomagama ngomhla zizi-4 kuya zi-5 kuNhlaba 2016. Inhlosongqangi yalo mhlangano kwakuwukucija osozilimi ngemithetho yobhalomagama esebenzayo olimini. Ababengabaqeqeshi ababili, oSolwazi O.E.H.M. Nxumalo noMnu S. Ngobese bakhulume ngomlando wobhalomagama esiZulu nokuthi kwakuguquka kanjani ngokuhamba kweminyaka. Isizulu sineminyaka engama-128 saqala ukubhalwa. Imihlangano yomibili yaba yimpumelelo enkulu.
Kubalulekile ukuthi kugcizelelwe enye yezinhlosongqangi zeNqubomgomo Yolimi YeNyuvesi (2006 yabukezwa ngonyaka wezi-2014), okunguku"[…]" londoloza nokugqugquzela ukuhlonishwa nokukhulunywa okusezingeni eliphezulu kwezilimi ezibalulwe kuMthethosisekelo kanye nezinye izilimi okuhlanganise nezilimi zomdabu ezidlulisa izinto ezibalulekile ezimayelana namasiko, ezomnotho nezesayensi […]". Lokhu kubaluleke kakhulu ukuze kulethwe ubumbano ngenhlalo emphakathini waseNyuvesi. Kungenxa yalokhu okwabangela ukuthi i-ULPDO iqale uhlelo lwe-bua le nna (Let's Talk) ngonyaka wezi-2014. Lolu hlelo luqalwe ngokubambisana nehhovisi lomqondisi olawulayo wezabafundi ngokusebenzisa abangabagqugquzeli bolimi nabasebenzi base-ULPDO. Inhloso yalo msebenzi ukufundisa abafundi abangasikhulumi isiSuthu ulimi lwesiSuthu ezindaweni ezidlala abafundi e-UKN.

I-ULPDO yethule ngokusemthethweni uhlelo lwe-Bua Le Nna ngomhla ziyi-19 kuNhlaba 2016. Lokhu kwethulwa kohlelo kuqinisekise ukuzibophezela kwe-UKZN ekugqugquzelweni

kobuliningi. Umcimbi wokwethulwa kohlelo wawuhanjelwe abantu abahlukene kubalwa abaphathi abaphezulu, abafundisi, abaholi babafundi nabafundi. Ukuba khona kukaSolwazi Donal McCraken, oyiDini eyiBamba neNhloko YeSikole SezobuCiko; uSolwazi Sihawu Ngubane, ongumphathi WeQoqo eSikoleni seziLimi zae-Afrika; uSolwazi Nogwaja Zulu, owayeyiDini eyiNhloko yeSikole SezobuCiko nongungoti wolimi lwesiSuthu; noMnu Kgotla Marumola, onguMphathi Wezokuhlala Kwabafundi (owayemele umqondisi olawulayo kwezabafundi) kukhombise ukubaluleka kwalo msebenzi eNyuvesi. Umcimbi wawunezinkondlo, umdanso kanye nomdlalo weshashalazi omfishane owawudlalwa abafundi abayingxenye yalolu hlelo ababekhombisa izinga lokufunda kwabo isiSuthu kulolu hlelo. Futhi kwakunezinkulumo ezethulwa abakhuluma ulimi lwesiSotho.

I-ULPDO inenqubekelaphambili ebheke ekuthuthukisweni kobuchwepheshe bolimi lwabantu obungesebenza ngolimi lwesiZulu. Ukuze kukhushulwe izinga lokutholakala kwamatemu emikhakha enhlobonhlobo agunyaziwe abantu abawasebenzisayo, kuncike ekuphothulweni komsebenzi wokwakha izinsiza ezimbili zolimi lwesiZulu, ubuchwepheshe obulondolozayo obubizwa ngeBhange Lamatemu nobunye obubizwa nge-ZuluLex. Lezi zinsiza zizokwethulwa ngokusemthethweni ngomhla ziyi-8 kuLwezi 2016. Kanti uLanga Khumalo wase-ULPDO kanye nonjiniyela bezamakhompyutha ababili sebeqedile ukwakha ubuchwepheshe obuhlola isipelingi sesiZulu nabo obuzokwethulwa ngosuku olufanayo. Eminye imisebenzi eyenziwe yilaba abathathu ihlanganisa nobuchwepheshe obawina umklomelo womhlaba wonke obunika ubuningi bamagama esiZulu.

3. Ukusebenza KweNqubomgomo Nohlelo LoLimi

3.1. Ukwakhiwa KweKhophasi NokuThuthukiswa KwamaTemu

Njengoba kushiwo ngenhla, ukwakhiwa kwekhophasi kungeminye yemisebenzi ye-ULPDO. Ukuthuthukiswa kwekhophasi Yesizulu KaZwelonke kubaluleke kakhulu ngoba kwacha isisekelo sokuthuthukiswa kolimi.

Isithombe. 2. Okucashunwe okukhombisa i-INC enamagama ayizi-14 wezigidi.



N	text file	file size	tokens (running words) in text	tokens used for word list	sum of entries	types (distinct words)	type/toke ratio	standardi TTR	STTR std.dev.	STTR basis	mean word length	word length std.dev.	entences	mean (in words)	std.dev.	ragraphs	mean (in words)	std.dev.	headings	mean (in words)	std
1	Overall	122 840	14 211 529	13 680		1 681	12.29	69.16	32.31	1 000	6.97	3.16	742 0	19.03	443.0	34 85	392.4	3 463.			
2	zuluamanothi00001.txt	163 695	19 674	19 635		7 684	39.13	64.24	33.95	1 000	7.11	2.57	1 597	12.29	31.38	7	2 805.	2 784.			
3	zuluamanothi00002.txt	2 377	356	293		172	58.70			1 000	4.88	3.34	16	18.31	19.80	6	48.83	79.78			
4	zuluamanothi00003.txt	13 383	1 525	1 514		873	57.66	63.30		1 000	7.52	2.61	150	10.09	5.22	1	1 514.				
5	zuluamanothi00004.txt	53 823	5 892	5 652		2 749	48.64	58.58	34.25	1 000	7.19	3.74	213	26.54	149.3	150	37.68	106.9			
6	zulubhayibheli00001.txt	3 886 2	435 481	404 291		71 37	17.65	58.29	44.43	1 000	7.44	3.13	29 96	20.82	1 269.	1	404 2				
7	zuluezasegagasini00001.txt	43	4	4		4	100.0			1 000	7.50	2.08	1	4.00		1	4.00				
8	zuluezasegagasini00002.txt	82 642	8 948	8 505		4 432	52.11	70.40	24.24	1 000	7.35	3.17	459	18.53	14.73	1	8 505.				
9	zuluezasegagasini00003.txt	97 109	10 966	9 781		3 589	36.69	52.39	34.24	1 000	7.01	3.24	486	20.13	17.07	1	9 781.				
10	zuluezasegagasini00004.txt	95 277	10 457	9 533		4 135	43.38	58.63	28.31	1 000	7.23	3.28	448	21.28	23.80	1	9 533.				
11	zuluezasegagasini00005.txt	1 862	42	41		33	80.49			1 000	4.98	3.63	1	41.00		1	41.00				
12	zuluezasegagasini00006.txt	22 326	2 390	2 313		1 536	66.41	71.50	20.15	1 000	7.45	3.01	133	17.39	13.10	1	2 313.				
13	zuluezasegagasini00007.txt	89 640	10 006	9 356		4 092	43.74	59.17	29.66	1 000	7.11	3.23	473	19.78	17.68	1	9 356.				
14	zuluezasegagasini00008.txt	69 906	7 697	7 167		3 563	49.71	64.06	26.11	1 000	7.19	3.14	384	18.66	16.32	1	7 167.				
15	zuluezasegagasini00009.txt	77 117	8 374	7 944		4 012	50.50	66.88	25.79	1 000	7.34	3.12	413	19.23	15.92	1	7 944.				
16	zuluezasegagasini00010.txt	86 934	9 204	8 853		4 431	50.05	67.72	25.45	1 000	7.56	3.09	485	18.25	14.75	1	8 853.				
17	zuluezasegagasini00011.txt	20 432	2 135	2 023		1 280	63.27	65.70	24.25	1 000	7.60	3.15	115	17.60	17.28	1	2 023.				
18	zuluezasegagasini00012.txt	89 768	9 619	8 980		4 150	46.21	63.32	27.65	1 000	7.42	3.20	480	18.71	15.91	1	8 980.				
19	zuluezasegagasini00013.txt	59 143	6 655	6 036		2 724	45.13	55.68	30.56	1 000	7.04	3.21	298	20.26	18.67	1	6 036.				
20	zuluezasegagasini00014.txt	75 887	8 340	7 789		3 822	49.07	63.63	26.96	1 000	7.22	3.18	431	18.07	17.62	1	7 789.				
21	zuluezasegagasini00015.txt	51 849	5 692	5 388		2 816	52.26	66.92	25.13	1 000	7.23	3.12	280	19.25	16.95	1	5 388.				
22	zuluezasegagasini00016.txt	6 760	691	687		538	78.31			1 000	7.84	3.18	38	18.08	8.89	1	687.0				
23	zuluezasegagasini00017.txt	31 947	3 443	3 286		2 060	62.69	70.20	22.89	1 000	7.44	3.17	190	17.29	12.63	1	3 286.				
24	zuluezasegagasini00018.txt	120 387	13 086	11 803		4 504	38.16	52.74	35.03	1 000	7.24	3.24	560	21.08	20.59	1	11 80				
25	zuluezasegagasini00019.txt	81 556	9 220	8 417		3 677	43.69	58.64	29.58	1 000	6.97	3.23	404	20.83	21.24	1	8 417.				
26	zuluezasegagasini00020.txt	77 759	8 791	8 275		3 834	46.33	65.34	28.73	1 000	7.00	3.19	426	19.43	15.46	1	8 275.				

I-INC isikhule ngokumangalisayo kusukela ekwethulweni kwayo zingama-25 kuLwezi 2014. Ngalowo nyaka yayinamagama awu-1.3 wezigidi. Ekupheleni konyaka wezi-2015 yayisifinyelele kwingqophamlando yamagama ayi-10 lezigidi. Isibalo samamanje esiyi-14.2 lezigidi sibaluleke kakhulu ngoba sikhomba ukuthi i-INC ikhula ngesivinini esiyisimangaliso, futhi seyidlule namanye amakhophasi ezilimi zase-Afrika ngesikhathi esifishane. I-ULPDO yakhe ubudlelwane obuyisipesheli nezinhlaka ezifana noShuter and Shooter nomtapo wolwazi i-Killie Campbell okusize kakhulu ekuthuthukeni kwekhophasi ngesikhathi esifishane. Ukutholakala kwemibhalo. Ekhiqizwe futhi egcinwe kulezi zikhungo kusize kakhulu ekuthuthukisweni kwe-INC. Njengoba kunjisiwe ngenhla, i-INC inamagama ayi-14.2 lezigidi. Isithombe 3 ngezansi sikhombisa indlela okukhule ngayo le khophasi kusukela ekwethulweni kwayo kuLwezi wonyaka wezi-2014.

Isithombe 3. Iphethini yokukhula kwe-INC



Njengoba bekushiwo ekuqaleni, ukuthuthukiswa kwamatemu nakho kungenye yezinto ezibalulekile ezenziwa yi-ULPDO. Isithombe 4 ngezansi sikhombisa uhlelo lonke lokuthuthukiswa kwamatemu kusukela ekuqoqweni kwamatemu kudlule kuzo zonke izigaba ezisemthethweni kuze kufike ekusetshenzisweni kwawo umphakathi.

Isithombe 4. Uhlelo lokuthuthukiswa kwamatemu



Ngokuhambisana nemithetho nemigomo ebekiwe yokuthuthukiswa kwamatemu, kuhlangana ongoti bolimi, osomatemu, ababhali bezichazamazwi, osozilimi nezishoshovu zezolimi bayahlangana ukuze badingide futhi bavumelane ngamatemu ngokubambisana nongoti

bomkhakha osuke kuhlangenwe ngawo. Kubanjwe ngokuyimpumelelo imihlangano eyishuminambili ngesikhathi esibukezwayo (2015/2016). Le mihlangano ihlanganise ukudingidwa, ukucolisiswa nokugunyazwa kwamatemu. Le mihlangano ebihlelwa i-ULPDO nehhovisi leBhodi YeziLimi YaseNingizimu Afrika. Kugunyazwe amatemu ayi-1 588 futhi asekulungele nokusetshenziswa kanye nokusatshalaliswa.

Itebhula 1. Amatemu asesetshenziwe

Inombolo.	Umkhakha	Amatemu Athuthukisiwe	Amatemu Acutshunguliwe	Amatemu Agunyaziwe	Amatemu Asele
1.	Amatemu EzeMvelo	486	486	486	0
2.	Amatemu EzoMthetho	496+468	496	496	468
3.	Amatemu EzoLimi	516	0	0	0
4.	Amatemu EFiziksi	606	606	606	0
5.	Amatemu Ezengqondo	500	500	0	0
6.	Amatemu OCwaningo	500	0	0	0
	Total	3572	2088	1588	468

4. Izingqungquthela Zolimi

I-ULPDO ibe nezingqungquthela ezimbili kulesi sikhathi esibuyekezwayo, izingqungquthela i-20th International African Association for Lexicography (AFRILEX) Conference, ne-1st Biannual Language Research Symposium. I-AFRILEX Conference yayibanjelwe e-Unite Building (eKhempasini i-Howard College) nomhla ziyi-6-9 kuNtulikazi. Le ngqungquthela ingumhlangano wongoti kwezokukwakhiwa kwezichazamazwi, ikhophasi, isayensi yamakhompyutha nosomatemu abaqhamuka ezwekazini lase-Afrika nomhlaba wonke jikelele. Izikhulumi zosuku zazihlanganise oDkt Michael Rundell wakwa-Macmillan e-United Kingdom noSolwazi Mbulungeni Madiba onguSolwazi noMxhumanisi we-Multilingualism Project eNyuvesi yaseNtshonalanga Kapa. Ingqungquthela yayihanjelwe ababevela e-Asia (China), e-Europe (Germany nase-United Kingdom), nase-Afrika (Gabon, Namibia, South Africa nase-Zimbabwe). Abasebenzi abathathu base-ULPDO bafunda amaphepha abo kanti nezethameli zawathokozela kakhulu. Abebehambele ingqungquthela bayihalalisela kakhulu i-UKZN ngokuqhubeka nomsebenzi wokuthuthukisa isiZulu kusetshenziswa isisekelo sethiyori esiqinile.

Okwashiwo owayehambele ingqungquthela.

Dkt Langa
Ngibhala ukukubonga kakhulu ngengqungquthela yangesonto elidlule. Beyihlelwe kahle kakhulu futhi wena neqembu lakho nenze kwaba nomoya omuhle wokukhululeka nokufunda ngezinto eziningi. Angisayiphathi eyesidlo sasebusuku sengqungquthela….hhayi impela bekungesinye sezidlo eziphambili esengake ngazidla ezingqungqutheleni ze-Afrilex esengike ngazihambela! Halala kuwe neqembu lakho labantu abasebasha futhi abakhuthele. Ngithemba ukuthi ngizokubona lapha e-Grahamstown kungekudala. Izilokotho ezinhle zase-Grahamstown eshubisa umnkantsha.

Jill Wolvaardt
Executive Director
Dictionary Unit for South African English
Rhodes University

ISimpoziyamu Yokuqala Yocwaningo Lolimi Yaminyakambili ibanjwe ngomhla ziyi-19-20 kuMfumfu 2015 e-Howard College. Le simpoziyamu beyihlinzeka izifundiswa ezisebenza imisebenzi enhlobonhlobo kwezolimi emaKolishi amane eNyuvesi ngethuba lokubuyekeza kwenqubekelaphambili eseyenziwe ekusetshenzisweni kweNqubomgomo Nohlelo LoliLimi LweNyuvesi. USolwazi Kwesi Kwaa Prah wase-Centre for Advanced Studies of Africa Society (CASAS) wethula inkulumo mayelana nokuthuthukiswa kwezilimi zase-Afrika. Wayegcizelela ukuthi izilimi zase-Afrika zibalulekile ekuthuthukisweni kwemiphakathi yase-Afrika. USolwazi Phalandwa Mulaudzi we-Academy of African Languages and Science wethula inkulumo ngosuku lwesibii lwesimpoziyamu. Wakhuluma ngokukhuthazwa kokuthuthukiswa kwezilimi zase-Afrika kwezeMfundo Ephakeme. Kwafundwa amaphepha amaningi ayethulwa yizifundiswa zase-UKZN okubalwa nabasebenzi base-ULPDO abayisihlanu. Nabezindaba abahlukene babewuhambele lo mcimbi, okubalwa, *Ukhozi FM* ne-*The Mercury*.

5. Okwenziwa Yi-ULPDO

Njengoba kwakubikiwe embikweni wesine wezigele, i-ULPDO iyaqhubeka nokuhlinzeka ngokuhumusha, ukutolika nokuhlelwa kwemibhalo yeNyuvesi yonke uma icelwa ukuba yenze njalo. Izihumusho ezenziwe ngalesi sikhathi esibuyekezwayo zibandakanya:

- Izindaba ze-*Indaba Online*
- Amabhuku AmaKolishi (AES ne-Law & Management)
- Isivumelwano Sokusebenzisana (IKolishi Lezifundo ZezeMpilo nemindeni ehlalisa abafundi)
- Isicelo Sokugunyazwa kocwaningo (IKolishi LezeSintu: ISikole SezeMfundo)
- Imibhalo Yesikhwama seMpesheni
- Isitatimende Sezaziso Emcimbini Wokwethweswa Kweziqu

- Umbhalo WeSekelashansela Obhekiswe Kubasebenzi Abatelekile
- Umbikomlando WeSekelashansela Ukwethulwa kwesizindalwazi seNyuvesi)
- Isaveyi Yocwaningo NgoLimi

Kuhlinzekwe ngokutolika kule micimbi elandelayo:

- ISimpoziyamu Yokuqala Yocwaningo Lolimi Yaminyakambili 2015
- Isifundo Saminyakayonke SikaDube

6. Imisebenzi Exhasiwe

Ngonyaka wezi-2016 i-ULPDO ihlinzeke ngezimali umsebenzi wesaveyi yasenyuvesi yonke yolimi ngemali engama-R200 000. Inhloso yesaveyi ukuhlola amazing okuqonda ngeNqubomgomo noHlelo LoLimi LweNyuvesi kubafundi nakubasebenzi (abafundisayo nabangafundisi) ukuze kubonakale ukuthi kumele kungenelelwe ngaziphi izindlela ezizokwenza kufezeke izinhloso zayo. Obehola lo msebenzi uSolwazi Delia North ubeke ukuthi amalungiselelo esaveyi ahamba kahle. Uselindele imvume yokuqhubeka nocwaningo.

Eminye imisebenzi enhlobonhlobo exhaswe yi-ULB ngowezi-2013/2014 emaKolishi amathathu, okuyiKolishi LezesiNtu, Elezifundo ZezeMpilo neyeZolimo, ubuNjiniyela NeSayensi, iqhubeka kahle kakhulu. Imali eyi-R1 021 880 yahlinzekelwa lemisebenzi. Njengoba kwakubikiwe embikweni odlule, i-ULPDO ithola imibiko yokuqhubeka komsebenzi kwabangabaholi bemisebenzi.

6.1. Imisebenzi Exhaswe yi-ULPDO

Itebhula 2. 2013-2016 imisebenzi exhasiwe

Unyaka	Isibongo	ISikole/Umnyango	Isihloko Somsebenzi	Isamba
2013	Buthelezi	ezesiNtu	Ukuthuthukiswa kwamatemu omkhakha azosetshenziswa abasebenza ngenqgondo	R 90 000.00
2013	Christiansen	EzesiNtu	Imidlalo Yokufundisa isiZulu	R 70 000.00
2013	Frescura	EzesiNtu	Isichazamazwi Esinezithombe Samatemu AseNingizimu Afrika Emidwebozakhiwo	R 50 000.00
2013	Modi	AES	Imisebenzi enhlobonhlobo ehlanganise nezifundokubukeza zesiZulu. Ukufundisakubukeza ngesiZulu kwi-AES.	R 730 000.00
2013	Keet	AES	I-COMMUTERM	R 56 880.00
2013	Mathews	Lezezifundo Zezempilo	Amavidiyo amafishane	R 25 000.00
2014	Modi	AES	Ukuhunyushwa NgesiZulu Kwebhukwana Lemithetho YeKolishi i-AES	R 80 000.00
2014	Bengesai	LMS	Ukuhunyushwa NgesiZulu kwebhukwana Lemithetho YeKolishi i-LMS	R 80 000.00
2016	North	LMS	Isaveyi YoLimi	R 200 000.00
Total				**R 1 381 880.00**

7. Uma Sibheka Ikusasa

I-ULPDO iyaqhubeka nokudlodlobala. Uhlelo loLimi e-UKZN luba nemiphumela emihle. Ukuthuthukiswa kweBhange Lamatemu lesiZulu, ne-ZuLex kusezingeni eliphakeme kakhulu kanti kokubili kuzokwethulwa kuLwezi 2016. Ukwakhiwa kwekhophasi yesiZulu kuhamba kahle kakhulu ngenxa yokusebenzisana phakathi kwehhovisi nezikhungo elisebenzisana nazo.

8. Okushicilelwe

Khumalo, L. 2015. Semi-automatic Term Extraction for an isiZulu Linguistics Terms Dictionary Using a Corpus Linguistic Method. *Lexikos* **25**: 495-506.

Khumalo, L. 2015. Advances in Developing Corpora in African Languages. *Kuwala ACALAN Journal* **1(2)**: 21-29.

Khumalo, L. 2015. Ukuqakatheka kokuthuthukisa izilimi zomdabuko: Isibonelo ngesiZulu eNyuvesi yakwaZulu-Natali, 13 - 22. In Ngubane S., Khumalo, L., Malambe G., Furvin, J. *Ukubumbanisa kwezilimi zesiNguni: Imicabango engenziwa kanye namathuba akhona*. *Monograph Series No. 263*. CASAS: Cape Town.

Keet, C.M. & **Khumalo, L.** 2016. Toward a knowledge-to-text controlled natural language of isiZulu. *Language Resources and Evaluation.* Springer. DOI 10.1007/s10579-016-9340-0. 1-27.

Byamugisha, J., Keet, C.M. & **Khumalo, L.** 2016. On generating plurals for isiZulu controlled natural language. *Proceedings of the 17th International Conference on Intelligent Text Processing and Computational Linguistics* (CICLing '16). Springer LNCS Series. April 3-9, 2016. Konya, Turkey. (in print). **FIRST PRIZE: "Verifiability, Reproducibility and Working Description Award".**

Ndaba, B., Hussein, S., Keet, C.M. & **Khumalo, L.** 2016. The effects of a Corpus on isiZulu Spellcheckers based on N-grams. In Paul Cunningham and Miriam Cunningham (Eds.) *Proceedings of the IST-Africa 2016 Conference*. May 11-13, 2016. Durban. South Africa. (in print).